

PULA IMVULA

>> GROWING FOOD >> GROWING PEOPLE >> GROWING PROSPERITY >>



UMASHI
2015

Ubumninimhlaba kanye nezinselelo esibhekene nazo



Kubikwa ukuthi kunabashayeli bamabhasi abaningi ukudlulisa amafama eMelika. Kungabonakala kuyisiqhathaniso esinganiki mqondo lesi kepha sikwenza uzibuze lo mbuzo olandelayo: “Yini okungahle kwenzeke kuqala – umshayeli webhasi odinga ukudla – noma umfama odinga ukugibela ibhasi?”

Ukudla yimpendulo ngazo zonke izikhathi! Kuyisidingo esinqala sawo wonke umuntu ophilayo uma singabali umoya kanye nokulala. Umhlaba udinga ukudla okunomsoco kanti futhi udinga abantu abahlakaniphile nabasebenza kanzima ukukhiqiza ukudla.

Umhlaba uyingcebo engatholakali kalula okuzothi ngokuhamba kwesikhathi udingeke kakhulu

futhi ungasatholakali kalula uma kuqhubeka kwanda abantu emhlabeni. Isidingo sokwazi ukuthi kwenzekani kulowo mhlaba naso sizokhula njengoba kuzoba nesidingo sokuba kukhiqizwe ukudla okuningi emhlabeni omncane. Ngakho-ke yingani abantu befuna umhlaba? Zimbili izizathu ezibalulekile:

1. Indawo yokuhlala – indawo esingayibiza ikhaya. Ingxenye yomhlaba lapho umuntu angakha khona indlu yakhe aphile ngokuthula nangokuvikeleka lapho anakho konke okudingekayo ukwenza loku, isib. amanzi, ugesi kanye nendawo yokukhulula.
2. Indawo yokukhiqiza – indawo yokulima ukudla okuzodliwa ekhaya naloko okuzodayiswa kungenise inzuzo. Imisebenzi yezolimo kungaba ngelandelayo:

Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo

Funda Ngaphakathi:

- 04 | Ukuhweba noma ukungahwebi...
- 06 | Sibuyela lapho sigale khona
- 10 | AbakwaGrain SA ba-inthavyuwa... uSolomon Masango



3





UGOGO JANE UTHI...

Ngale sizini yokukhiqizwa kwesilimo sasehlobo, sizibandakanye kwiprojekthi yokusiza amafama angama-855 alimela ekhaya ukuba batshale ihektha elilodwa lommbila. Wonke lamafama alima emhlabeni womphakathi. Noma-ke benganawo owabo umhlaba bayakwazi ukusebenzisa lo mhlaba okhona. Lokhu yikona ukulima – kungukusebenzisa umhlaba okhona. Kunezinhlalo eziningi zokusetshenziswa komhlaba, ubuhle nobubi bako kungadingadwa kabanzi. Noma kunjalo, kungakhathalekile ukuthi uhlobo luphi lokutshenziswa komhlaba, okubalulekile ukuthi umhlaba uyasetshenziswa – uma umhlaba ungasetshenziswa awusiyo i-asethi, kanti ngeke wadlala indima ekuvikelekeni kokudla ezweni lonke.

Kunezinkulomo eziningi ngokubuyiselwa nokuthathwa komhlaba. Lena akusiyi inkulumompikiswano yami. Njengeqembu lezentuthuko lakwaGrain SA, yithina esibhekana nemiphumela yalokhu kwabiwa kabusha kwemihlaba – ukuba nomhlaba yingxeny ebalulekile yokukwazi ukulima. Kepha-ke umhlaba yingxeny eyodwa nje – kudingeka ulwazi lokusebenzisa umhlaba lowo onawo. Kumele ube nemishini, ama-inputs okukhiqiza (noma imali yokuwathenga). Uma ungenazo lezo zinto kusho ukuthi umhlaba lowo ngeke wasetshenziswa, futhi isizwe sonke sizolahlekelwa – sizolahlekelwa ukudla kanye nefayiba, sizolahlekelwa ukukhula kwezomnotho, okubi kakhulu sizolahlekelwa yithemba abantu abanalo ezinhliziyweni zabo lokuba ngamafama. Kumele sibe nendlela ephelelisiwe yokubhekana nokushintsha kwemihlaba kanye nokuthuthukiswa kwamafama.

Kulula ukusiza amafama amancane alimela ekhaya njengoba kubalulwe ngenhla, bona abalima nje ihektha elilodwa ngoba ngamunye uyakwazi ukukhipha imali yokuthenga ama-inputs (noma ayonge okanye ayiboleke komakhelwane). Basebenzisa amathuluzi ezandla kanye namandla abo ukwenza umsebenzi. Laba bantu banelisekile ngokukhiqiza kuhektha eli-1 ngoba kwanele ukondla umndeni unyaka wonke – noma sibona ukuthi nabo bazokhiqiza badlulele kumathani ama-4 ihektha ngalinye uma kuhamba isikhathi. Inselelo enkulu esibhekene nayo ngeyamafama anemihlaba eyeqile kumahektha angama-50 omhlaba ovundile – badinga ama-inputs okukhiqiza abiza kufikela ku-R300 000 ngaphandle kwemishini. Le mali abanayo futhi ngeke bakwazi ukuyiboleka. Lawa ngamafama amasha okumele ngabe adlala indima ekuvikelekeni kokudla ezweni kanye nokukhula komnotho, kepha abakwazi ukwenza lutho.

Ngethemba ukuthi singasebenzisana ukugcina ubuhlobo obuhle noMnyango weZolimo kanye no-kuThuthukiswa kweziNdawo zaseMaphandleni ukuze siqwazi sonke ukubhekana nale nselelo enkulu kangaka. 🌱

Bhekana NOKWEBIWA KWEMFUYO

Into ekhathaza amafama kakhulu UKWEBIWA KWEMFUYO. Kungaba izinkomo, izimvu noma yini. Lona sokungumkhuba owandayo. Ngaphandle kokufaka uphawu emfuyweni yakho, kubalulekile futhi ukuthi ufake inombolo isilwane ngasinye ukuze ukwazi ukusibona futhi ulawule.

Iwe ngohulumeni ongenamusa. Izigilamkhuba zizokubona okwenzayo bese zesaba ukukumoshela. Zizokwazi ukuthi emahoreni ambalwa nje okuntshontshelwa uzobe usuwazi bese uyabika. Ngaleyo ndlela zizolandelwa masinya nazo ziboshwe zingakafiki nakuphi. 🌱

Ngolwazi esinalo siyeluleka ukuthi imfuyo yakho kumele ibalwe nsuku zonke. Lokhu kuzosiza ukunciphisa ukwebiwa kwemfuyo yakho futhi uzoba ngumphathi kulandela i-athikhili ebha-

I-athikhili ibhalwe ngu-Marius Greyling, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna iminingwane egcwele thumela i-imeyli ku-mariusg@mcgacc.co.za.



Pula Imvula's Quote of the Month

*"I am not afraid of storms,
for I am learning
how to sail my ship."*

~ Louisa May Alcott

1 Ubumninimhlaba kanye nezinsalelo esibhekene nazo

- Ukudla kwasekhaya, q.v. isiqeshana somhlaba ohlanganyelwe noma oqashiwe lapho ungatshala khona izilimo zokudla futhi ube nemfuyo nje encane eyanele ukubhekana nomndeni; kanye
- Nokungenisa inzuzo, q.v. ukukhulisa ibhizinisi lokulima ukukhiqiza ukudla okuningi ozokudayisa ezimakethe lapha ekhaya naphesheya. Kuyiqiniso ukuthi inani elincane lamapulazi amakhulukazi asebenza njengamabhizinisi ezolimo yiwona akhiqiza iningi lokudla okutholalalayo emhlabeni namuhla.

Amafama lapha eNingizimu Afrika nawo angaphansi kwengcindezi yokukhulisa amabhizinisi abo kanti kubalulekile ukuba basebenzise wonke umhlaba abangawuthola olimekayo ukwenza loku. Inkinga amafama abhekene nayo ukuthi izindleko zokuhambisa kanye nokukhiqiza kulowo mhlaba zidlula inani lomkhiqizo okhiqiziwe kuwona. Yingako umbuzo othi “Sizokwenzani ngomhlaba?” ubalulekile – noma ngabe uthole umhlaba owunikwe nguHulumeni ngaphansi kohlelo lwePLAS noma i-LRAD. Noma ngabe kunjalo, kunezindleko kanye nezibophezelo ukuze umuntu azibonakalise ukuthi ungumfama ongakwazi ukugcina umhlaba lowo anawo. Lokhu kusho ukukwazi ukukhokha imali yokuqasha umhlaba, ukhokhe izindleko zokukhiqiza ubuye uqhubeke ukhokhele impahla yokusebenza entsha kanye nokunye okudingekayo ukuphucula inkambiso epulazini lakho. Le mithetho yebhizinisi iyafana kuwo wonke amabhizinisi – uma uthenge isiqeshana somhlaba bese kutholalala ukuthi awusakwazi ukukhokhela izindleko njengokwesivumelwano, lowo mhlaba uyawephucwa yibhange bese udayiselwa omunye umuntu.

Asibheke ezinye zezinkinga ezivamile eziphathelele nokubangumninimhlaba ongenisa inzuzo kwezolimo.

1. Ngeke kwaba kuhle ukuyekela umhlaba uhla-le nje ungalinyiwe. Kunengcindezi enkulu kumafama ukuba enze inzuzo ngalo mhlaba abanawo.
2. Kubalulekile ukucabangisisa ngokuzokwenziwa kulowo mhlaba. Ucwangingo luyingxenye ebalulekile yebhizinisi nanoma ngeliphi elinepumelelo. Iningi lamafama lenza uncwangingo olubizwa nge-*environmental impact assessment (EIA)* yona esiza ukuthola ukuthi yini okungahle kwenziwe ngalowo mhlaba.

3. Kumele kwenziwe izinqumo zezindlela zokukhiqiza okumele zilandelwe futhi zingenise inzuzo.
4. Kumele kwenziwe ucwangingo lwezimakethe ukuze kutholwe ukuthi ngemiphi imikhiqizo efanelekile. Lokhu kubandakanya ukuhlaziya izidingo nezimfuno zabathengi bese ubuye ubheke namathrendi angomuso kanye nemithetho kahulumeni.
5. Kumele kuhlaziye ngokucophelela izindleko. Lokhu kubandakanya izindleko zansukuzonke – lezo yizindleko ezikhona ungakaqali ngisho nokutshala emhlabeni wakho. Kumele ubuye ulinganisele ngokucophelela izindleko zokukhiqiza ezihambisana nalokho okwenzayo bese ubuza lo mbuzo olandelayo: “Ngabe ngingayenza inzuzo kuleli bhizinisi na?”

Lezi ngezinye zezinto okumele zicatshangwe uma kwenziwa isinqumo sokuthenga noma ukuqasha umhlaba.

Kuyiqiniso ukuthi ukulima njengendlela yokuphila kuyinto ekhangayo kakhulu. Uba ngumphathi wakho futhi kuba nokuningi okuzuzayo ngalokho. Kepha leyo nzuzo nobuhle buza nemithwalo nezibophezelo ezidinga umfama yena qobo lwakhe – ikakhuluzi ngoba iningi lamapulazi lingelomninipulazi noma kungaqashwa abantu benze amaphutha kusengumininipulazi noma umfama obhekana nempumelelo noma nokwehluleka kwebhizinisi lakhe!

Imithetho eyisithupha ebalulekile okumele ikhunjulwe

Umthetho #1: Gwema izikweletu – kangangoba ungakwazi!

Ngeke kwenzeka ukuba umfama ahambise uhlelo lwakhe lokulima ngaphandle kwesikweletu kepha kubalulekile ukukhumbula ukuthi ukuboleka imali kuyabiza. Iningi lamafama avelele aphoqeleka ukulahlala amaphupho abo ngenkathi sebezithola bengakwazi ukukhokhela amabhange imali abayibolekiwe.

Umthetho #2: Yazi abathengi bakho ngaphambi kokuba uqale ukukhiqiza

Ngabe uzobathola kuphi abathengi bemikhiqizo yakho na? Ikude kangakanani imakethe oyidayiselayo? Uzowulonda kanjani umkhiqizo wakho kanti kuzokubiza malini na? Uma ulonda izinhlamvu zakho kusilo kumele ukhokhele lezo zinsiza, zizobiza malini? Yiba nesu lokudayisa elihlelwe kusenikhathi.

“

Umhlaba uyingcebo engatholalali kalula okuzothi ngokuhamba kwesikhathi udingeke kakhulu futhi ungasatholalali kalula uma kuqhubeka kwanda abantu emhlabeni. Isidingo sokwazi ukuthi kwenzekani kulowo mhlaba naso sizokhula njengoba kuzoba nesidingo sokuba kukhiqizwe ukudla okuningi emhlabeni omncane.

Umthetho #3: Matanisa umhlaba nalokho omiselwe ukuba ukukhiqize kangcono

Kubalulekile ukusebenzisana nendalo. Yazi izilimo ezikhula kahle kuleyo ndawo okuzokwenza uthole imiphumela emihle.

Umthetho #4: Lima ngothando

Kumele ukuthande loku okwenzayo. Ukulima umsebenzi onzima othatha amahora amaningi kanti inzuzo yona yincane. Ngakho-ke kumele ube nalokho okukugquzelayo, kungasiyo imali noma usiko.

Umthetho #5: Zibekele amagoli akholekayo

Ukulima wumsebenzi oshinstha njalo. Noma umfama nomfama ephupha ngemishini esezingeni lobuchwepheshe eliphezulu ezomenzela umsebenzi omuhle futhi kalula, kubalulekile ukuba nesineke. Akukho okutholalala masinyane!

Umthetho #6: Funda. Buza imibuzo. Yabelana ngolwazi onalo

Ukufunda yinto amafama angayithatheli ekhanda kepha leli yiphutha elikhulu elenziwa ngamafama amaningi. Kumele uhambisane namathrendi anamuhla ubuye ufunde ngezobuchwepheshe ezintsha. Buza imibuzo kosolwazi, buza imibuzo kumafama asethuthukile futhi anolwazi lweminyaka uncele kuwona. Bese-ke nawe wabelana ngolwazi onalo, ungasogodli. 🌱

I-athikhili ibhalwe nguJenny Mathews, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyili ku-jenjonmat@gmail.com.

UKUHWABA noma ukungahwebi...

Ku-athikhili edule siye saxoxisana ngokubaluleka kokwazi izimakethe zakho. Ukukhiqiza nokudayisa akusizo izinto ezimbili ezahlukene njengoba ini-ningi labantu licabanga. Kuwuhlelo olulodwa oluqhubekayo lokuletha impahla eluhlaza lapho izokwazi ukusetshenziswa ngumthengi.

Kuyiqiniso ukuthi akumele kukhiqizwe into engafunwa muntu. Sisebenza ohlelweni lwezimakethe ezikhululekile kuzona okudingeka ukuba amafama axoxisane ngamanani afanele imikhiqizo yawo.

Indawo yokuhweba iphithene futhi igcwele ngamatemu angaziwa namaphethini ngajwayelekile okuthenga nokudayisa. Ngokwanda komthelela wemincintiswano ezimakethe zomhlaba kanye namathuba avulwa yipulatifomu yokuthenga nokudayisa ye-*Agricultural Derivatives* yase *Johannesburg Stock Exchange (JSE)*, kubalulekile namuhla kunakuqala ukuthi umfama abe nolwazi olunzulu ngamathuba okudayisa kanye nezindlela zokumaka amanani okudayisa angase azisebenzise.

Le pulatifomu yokudayisa yaziwa njengecommodity *derivatives market* kanti ithathwa njengethuluzi elisebenza kahle elivumela abakhiqizi ukuba balawule amathuba ezimakethe kanye nobungozi bokwehla kwamanani lapha ezimakethe zezolimo zaseNingizimu Afrika. Ukuhwebelana kuxhumani-
sa abathengi nabadayisi kanti futhi kwenza namanani okuhwebelana abe sobala. Zonke izinkambiso zokuhwebelana zivikelekile futhi zinesiqiniseko. Amafama angavikela izinhlamvu zawo ukuze atho-

le inani alifisayo lomkhiqizo wawo ngesikhathi afisa ngaso. Le nkambiso ingavikela umkhiqizo wabo ekudayisweni ezimakethe ezingathembisi bangazitholi sebedayisa imikhiqizo abayisebenzele kanzima ngamanani aphansi kangangokuthi abangenisi nzuzo kepha bayalahlekelwa. Izinkontileka ezenziwe nazo ziyaphelelwa yisikhathi okusho ukuthi odayisayo nalowo othengayo kumele bagcine isivumelwano sabo.

Amatemu eSAFEX ayachazwa

- Umkhiqizi uzosebenzisa **i-FUTURE CONTRACTS** ukuvikela impahla yakhe emanani ashintsha njalo. I-future contract isho ukuthi uvuma ukudayisa umkhiqizo wakhe ongamathani athize ngosuku oluthize okuvunyelenwe ngalo. Umfama udayisa ummbila wakhe ngenani okuvunyelenwe ngalo. Kumele ame kulokho azibophezele ngako futhi adayise amathani ebekuvunyelenwe ngawo.
- Elinye ithuluzi lokudayisa yi-**THE OPTION**. Izinhlobo ezimbili zokhetho ezihwetshwa kuSAFEX yi-put option ne-**call option**.
- **I-CALL OPTION** inikeza umthengi igunya lokuthenga ummbila ngenani elibekiwe kanti **i-PUT OPTION** yona inika umdayisi igunya lokudayisa ummbila wakhe ngenani elibekiwe. Ukhetho lwenzelwa ukuba luvikele abakhiqizi emanani ehlayo.
- Ama-**call options** anika ukuvikelela kumanani akhuphukayo ezinhlamvu. Uma umkhiqizi/umdayisi wezinhlamvu ethenga amacall options emvakokudayisa izinhlamvu ezidayiswayo, uzibeka esimweni esihle sokuzisa emanani

akhuphukayo ezinhlamvu. Ama-'puts' anika ukuvikelela kumanani ezinhlamvu ehlayo.

- Imakethe idayisa kakhulu nsukuzonke phakathi neviki ekuseni ngezikhathi zo-9h00 kufikela ngehora leshumi nambili emini. Uyakwazi ukulandela izimakethe namanani azo umzuzu nomzuzu ku-inthanethi, kepha imvama abakhiqizi bathemba **iBROKER**, ukuba kube ngiyona ehlayisa izimakethe bese yenza isinqumo esifanele yenzela umfama. Okubalulekile ukuthi bonke ababandakanyekayo nabo bazobheka ngokucophelela amanani ezinhlamvu eMelika ngokubheka ukusebenza kwawo kumaderivative markets, i-*The Chicago Board of Trade (CBT)*. Thina sincike kakhulu kumanani ezinhlamvu aseMelika. Uma intengo yamasheya eMelika yehla, izimakethe zethu nazo zilindeleka ukuba zilandele leyo threndi, kanti uma enyuka nathi silindela ukuba kwenzeka ngokufana ezimakethe zethu. Kuba yinto enhle ukuba amafama ahlele namabhizinisi ezolimo (*agribusiness*) asendaweni ukuba abathumele ama-sms ngamanani osuku ase-CBT njalo ekuseni kanye nemiphumela yohwebo ezimakethe zasekhaya. Ungahlela nokuba amanani athunyelwe kuwena emini nanoma izimakethe zivala. Lokho kuzokusiza ukwenza isinqumo esiphusile uma udayisa izinhlamvu zakho. 🌱

I-athikhili ibhalwe nguJenny Mathews, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna iminingwane egcwele thumela i-imeyli kujenjonmat@gmail.com.

Yisikhathi sokuhlola emvakwesizini

I nyanga kaMashi ivame ukuba yisikhathi esihle sonyaka ukubuyekeza indlela izinto ezihambe ngayo ngesizini ebimatasatasa. Njengamafama siyazi lapho kumele kuphuculwe khona emapulazini ethu. Siyazi nokumele kuphuculwe enkambisweni yawo.

Ngeluleka ukuthi indlela efanele yokwenza izoin ukuthatha nje izinsuku ezimbalwa kule nyanga ukuze uhlaziye indlela osebenza ngayo bese uqopha irekhodi lakho konke okumele kuphuculwe ngaphambi kwesizini ematasatasa ezayo.

Amafama awompetha "bokulungisa umonakalo" futhi babuye bacabange khona lapho ngenkathi kuphuka imishini. Wonke umfama kumele akheke ngale ndlela ikakhulukazi uma kuvela isimo esiphuthumayo. Umbuzo-ke ukuthi zingaki izimo eziphuthumayo ebezingagwenywa uma ngabe bekuye kwahlelelwa isizini elandelayo kusenesikhathi nangendlela efanele. Bengilalele umhlaziyi wezepolitiki ekhuluma emsakazweni ethi kulezi zikhathi zokungasimami kwezepolitiki kanye nezolimo, into enhle umfama angayenza ukwenza loko okumele akwenze nokusemandleni akhe. Ukuzama ukwenza ukusebenza kwepulazi lakho kube ngokusezingeni nokunesasasa.

Ngakho-ke ngeziphini izinhlelo zokusebenza kwethu okumele sizibuyekeze emvakwesizini?

- Ukukwazi ukuthi ibhizinisi lakho lihambe njani kule sizini, thatha uhambo nje epulazini lakho uqale e-ofisini lakho uye eshabhu bese udlelela ejalidini leshabhu, bese uya emasimini nasezilimweni zakho.
- Ngenkathi uthatha lolu hambo kumele ubhale loku okulandelayo; amathuluzi eshabhu kumele ahlelwe kahle, noma imigqomo yama-khemikhali emidala kumele ihlanzwe noma ilahlwe, njll.
- Hlola impahla yakho yokutshala. Ngalesi sikhathi kumele ngabe isihlanziwe bese yapakishwa ukuze ivikeleke.
- Thatha isitokwe sawo wonke ama-inputs asasele afana nembewu, amakhemikhali, umanyolo; wenze amanothi bese uwapaka ngenhloso yokuwathola esesimeni esihle uma usudinga ukuwasebenzisa. Uma usuzofaka ama-oda ama-inputs amanye, khumbula loku okusele wengeze phezu kwako.
- Yazini loku okumele kufakwe kumafayili futhi kumukiswe kubahloli bezincwadi bese uhlela

“


Into enhle umfama angayenza ukwenza loko okumele akwenze nokusemandleni akhe. Ukuzama ukwenza ukusebenza kwepulazi lakho kube ngokusezingeni nokunesasasa.

konke ngendlela eshiya isikhala esihlanzekile nesihlelekile sokusebenzela. Ngeke wacabanga kahle endaweni engahlelekile.

- Emihlabeni yilapho uchitha khona isikhathi sakho esiningi. Bheka izinto isilimo sakho esizokwazi ukumelana nazo. Iplanter ngabe ikhalibhrethwe ngendlela efanele na? Kunemigqa eyeqiwe na? Imigqa yakho ibimihle futhi iqondile? Njll.
- Bheka izinto ezifana nokulawulwa kokhula. Isprayer ngabe sihlelwe kahle na, inozili yona isebenza kahle? Uma kunemitshotsholoji yokhula lapho nalapho uzokwazi ukuthi umshayeli wakho ubengathatheli ekhanda inozili evalekile noma okufanayo. La maphutha amancane kulula ukuwalungisa ngesizini elandelayo.
- Bheka izitshalo nemibala yamaqabunga. Ngabe ngenkathi uchelela umuthi wakho ufinyelele yonke indawo futhi ubuwanele na? Uma ubona ichashaza lapho izitshalo zingakhulanga kahle futhi ziphuzi usuyazi ukuthi akuchelelwanga umanyolo owanele noma ke isicheleli besingacheleli ngokulinganayo.
- Okumele ukubheke ke manje ukuthi ngabe isilimo sakho sihambisane nenkambiso yakho na.

Uma onke amanothi akho ngaloko okudinga ukuphuculwa esenziwe usungaqala ukwenza amalungiselelo uhlelela isizini elandelayo. Ngokwazi izingxenyane zebhizinisi lakho ezidinga ukunakwa kakhulu ungahlela isikhathi sakho ngokufanele. Uma siqhubeka njalo sifuna ukuphucula indlela esisebenza ngayo sizoba ngompetha kuloko esikwenzayo.

I-athikhili ibhalwe nguGavin Mathews, i-Bachelor in Environmental Management. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-gavmat@gmail.com.



Sibuyela lapho siqale khona

Uma ushayela uya e-Orania yona engase-Orange River eNyakatho neKapa usuka eBloemfontein emavikini okugcina kaNovemba usondela le ndawo ngaseNingizimu. Uma uqhubeka ushayela njalo ulibhekise eNyakatho phezu kwebhuloho weqa i-Orange River, uhlangabezana nombono omuhle wamapivots wona azungezwe wukolweni oluhlaza nosabugolide omilela phezulu.

Isilimo besisihle kulo nyaka noma amafama ase-Hopetown ngasempumalanga wona azithole asemshophini wokulahlekelwa yisivuno sawo sonke ngenkathi kunesichotho esibi.

Kusobala ukuthi amafama anamabizininisi ngasendaweni yase-Orania abalelwa kumafama anokolweni oniselwayo omuhle kakhulu ezweni lonke. Bekulindelwe isivuno sikakolweni esingamathani ayi-7,5 ihektha ngalinye nangaphezulu. Kuvunwe isilinganiso samathani ayi-7 ihektha ngalinye kanti bekuzoba ngamathani ayi-8,2 ihektha ngalinye ukube akubanga nomonakalo oshiywe yisichotho. Kumasizini adlulile bekuvunwa amathani ayi-10 ihektha ngalinye uma kutshalwe ngoJuni masinya nje emvakombila. Isivuno kwamanye amapulazi besingaphansi kakhulu kunaloko bekulindelekile. Isizathu kungaba ubusuku obubanda kakhulu obubangele ukulahleka kwamayunithi okushisa adingekayo ukugcwalisa amadlebe ngesizini yokukhula. Manje kuzomele lemihlaba ezungelezile itshalwe ummbila emavikini ambalwa okuqala kaDisemba emvakokuvunwa kukakolweni.

“Cabanga ngakho konke okudingekayo uma ukhiqiza bese uyafunda ngako ubuye ukucubungulusise ukuze ukwazi ukukhuphula izinga lesivuno sakho.

Uma unentshisakalelo yokufunda ngokukhiqizwa kukakolweni oniselwayo emhlabeni ozungelezile xhumana namafama ambalwa endaweni yangakini. Hamba uzibonele ngokwakho ukuthi kwenziwa njani bese nixoxa ngakho konke okumele kunakwe uma kukhiqizwa amathani ayi-10 ihektha ngalinye.

Uhlelo lwamanani akusasa

Ukukhiqizwa kukakolweni odayiswayo lapha eNingizimu Afrika kusimeme emathanani ayizigidi

eziyi-1 760. Amanani efutures enyanga kaJulayi ka-2015 awu-R4 065 ithani kanye no-R3 819 ithani ngoSeptemba ka-2015. Khumbula ukuthi kumele kufakwe namanani okuthutha impahla kulabo abasuka eNtshonalanga neKapa nakwezinye izindawo ngaphambi kokuba kufinyelelwe enanini okuzodayiswa ngalo. Thatha isivuno esingamathani ayi-8 ihektha ngalinye, bese ususa imali yokuthutha impahla engu-R200 ithani bese uzothola inzuzo yegrosi engu-R28 960. Ingakhushulwa ifike ku-R36 200 ihektha ngalinye ngesilimo esingamathani ayi-10.

“Uma unentshisakalelo yokufunda ngokukhiqizwa kukakolweni oniselwayo emhlabeni ozungelezile xhumana namafama ambalwa endaweni yangakini. Hamba uzibonele ngokwakho ukuthi kwenziwa njani bese nixoxa ngakho konke okumele kunakwe uma kukhiqizwa amathani ayi-10 ihektha ngalinye.

Hlala phansi ucubungulise izindleko zakho, isivuno esilindelekile kanye negross margin ngokunembayo. Amafama kakolweni asaqhubeka nokulima okuyinkomba yokuthi isilimo lesi sisangenisa inzuzo noma ngabe-ke izindleko zamandla kagesi zidlala indima enkulu ekugcineni.

Okumele kucatshangwe uma kuzotshalwa isilimo sikakolweni oniselwayo ngoJuni ka-2015

Uma ngabe ubungathokozanga ngesivuno sesilimo sakho sikakolweni oniselwayo lesi yisikhathi esihle sokubuyekeza ezinye izinto ezibalulekile ngohlelo lwakho lokukhiqiza. Sethemba ukuthi ucabangisisile ngesimo secentre pivot yakho ukuthi isebenza njani nokuthi ngabe iyakwazi ukusinika amanzi anele isilimo sakho. Uma uhlose ukukhiqiza cishe amathani ayi-10 ihektha ngalinye kumele wazi ukuthi isilimo sakho sizodinga amanzi angakanani. Uma kunenkinga ngamanzi ngesikhathi sokukhiqiza imbali kuzoba nemiphumela engemihle. Hlola zoke izingxenye ezisebenzayo, amawheel bearing, isimo samavili, usayizi wetest nozzle delivery and droplet kanye nazo zonke izinkinobho zokulawula ezisebenzisa ugesi nalezo ezamalektronikhi.

Qinisekisa ukuthi amanozili wonke asebenza kahle.



UKOLWENI OCHELELIWE

Amaphrofayili omhlabathi emihlabeni ezungelezile

Kuhle ukuba ubuyekeze amaphrofayili omhlabathi wakho ukuze ubone imigodi noma amasilt zone angaphansi komhlabathi wona angakwenza kube nzima ukukhula kwezimpande zesilimo sikakolweni.

Ukuvunda komhlabathi

Hlola imihlabathi eminingi endaweni yepivot wenze ucwaningo olunzulu ngenhloso yokuthola ukuthi ngamaphi amanyuthiyenti antulekayo emhlabathini ngenkathi kuvunwa amathani ayi-10 kakolweni noma ayi-14 ommbila unyaka nonyaka. Kumele uhlole namazinga okuvunda komhlabathi wakho.

Umanyolo

Isilimo samathani ayi-8 ihektha ngalinye sizodinga ama-240 kg enayithrojini, ama-40 kg ifosfethi, ama-50 kg iphotheziyamu kanye no-14 kg wesalfa ngesizini yonke yokukhula kwesilimo.

Ukolweni uzomunca ama-22 kg wenayithrojini, u-3,8 kg wamafosfethi, u-4,30 kg wephotheziyamu kanye no-2,50 kg wesalfa ithani ngalinye lembewu ekhiqiziwe. Yenza izibalo zakho ukuze uthole amanani aphelele esivuno sakho esihleliwe. Ama-210 kg wenayithrojini echelelwe yahlukaniswa kane izodingeka ukukhiqiza amathani ayi-8 ihektha ngalinye.

Isiphetho

Cabanga ngakho konke okudingekayo uma ukhiqiza (okumbalwa kwako kubaluliwe ngenhla) bese uyafunda ngako ubuye ukucubungulusise ukuze ukwazi ukukhuphula izinga lesivuno sakho.



I-athikhili ibhalwe ngumfama osethatho umhlalaphansi.

Ukwenza amalungiselelo kusenesikhathi kuginisekisa ukongeka kwamanzi bese kuba nomthelela omuhle esivunweni sakho.

UKUBONELELWA NGEZIMALI KOCWANINGO KANYE NOSHINTSHO

Emhlanganweni obubanjwe ngomhla ka-21 Okthoba 2014 ibhodi labagcinimafa be *Winter Cereal Trust* baphasise imithetho ebheke ukweseka amaphrojekthi ocwaningo aphaathelene nezinhlamvu zasebusika kanye nje nezinye izinto, sibala izinhlelo zoshintsho kanye nokwakhiwa kwamathuba kule mboni.

Izicelo zokwesekwa ngezezimali zentela zihlola amakomidi asebenzayo kakolweni nobhali. Isakhiwo samakomidi sinika onke amasektha emboni ithuba lokwazi ukuthi izimali zisetshe-nziswa njani. Isakhiwo samakomidi siyatholakala kuwebsaythi ye *Winter Cereal Trust* (www.wintercerealtrust.co.za).

Ibhodi labagcinimafa eliphatha izimali zentela lilandela umthetho othi izimali zentela ezisekhona zocwaningo ekupheleni konyaka wezimali kumele zisetshezeniselwe amaphrojekthi angakwazi ukubhekana nezidinngo zemboni. Inhloso akusiko ukuqokelela izimali eziningi ube kungeziniwa ucwaningo olubalulekile ngazo.

Izimali ezikhishwa yi *Trust* ziqokelelwa nje ngentela esemthethweni, ihlanganiswe nentela ezuziwe ngaphezulu, yase isala emvakwezimali ezikhishiwe zenkambiso yehhovisi kanye nezi-

bophezelo ze *Trust* okungokubonelela ngezimali (u-13,6%) webhajethi yonyaka ye-SA *Grain Information Service (SAGIS)*.

Ucwaningo

Kubalwa amaphrojekthi ayi-58 azobonelelwa ngezimali ngabakwa *Winter Cereal Programme* ukuze kwenziwe ucwaningo ngokolweni, ubhali kanye ne-oats ngonyaka ozayo. Nazi izibonelo ezinye zezinhlobo zocwaningo ezilindelwe:

Ukolweni

- Izinhlelo zokwandisa ukolweni;
- Izinhlelo zikazwelonke zokuhlola izilimo zikakolweni;
- Izinhlelo zokudlulisela ezobuchwepheshe;
- Ukuhlolwa kukakolweni osamila ngaphambi kokuba uvunwe;
- Izindlela zokuthila emhlabathini ngaphansi kokukhiqizwa kukakolweni eMpumalanga neFreystata;
- Ukwesekwa kwezindlela zokuthila okulondayo okusiza ukukhiqiza izilimo zasehlobo ezindaweni ezinemvula;
- Ukulawula iKarnal Bunt;
- Ukuhlolwa kwempahla eyandisa ukolweni ukuze imelane ne-Russian wheat aphid;

- Izinhlelo zokuqwashisa kuselula nokulawula ukudluliselwa kweBarley yellow dwarf virus kukolweni oniselwayo;
- Izixoshi zama-aphid ezisiza ukuvimbela ukudluliselwa kweBarley yellow dwarf virus yona ehanjiswa ngama-aphids;
- Ukusetshenziswa ngokweqophelo kwama-herbicides;
- Ukuphuculwa kwezindlela zemolecular testing method ukuze kuhlolwe amaherbicide ngokushesha phakathi nesizini;
- I-herbicide tolerance yamacultivar okolweni waseNingizimu Afrika;
- Ukubalwa kwegebe lesivuno phakathi kwe-genetic potential kanye nesivuno senzuzo sikakolweni oniselwayo waseNingizimu Afrika;
- Ukuhlolwa koshintsho lokukhiqiza lwezilimo eziyishishiyagalombili (8) ekujikelezisweni kwesilimo, kubalwa ukolweni, icanola, amaluphini kanye nezinhlobo zamadlelo zaseSwartland;
- Uhlolo lwezezimali nolwebhayoloji lukakolweni ojikeleziswa isikhathi eside nalowo ojikeleziswa isikhathi esifushane kanye nezinhlamvu/izinhlelo zokukhiqiza ukudla kwemfuyo eNingizimu neKapa; kanye

Ukubonelelwa ngezimali kocwaningo kanye noshintsho



Isibonelo sesiza lapho kuhlolwa khona izimila (cultivar trial plot).

- Nokulawula ukhula oluyinkinga ezinhlamvini zasebusika kanye nezilimo eziwukudla kwemfuyo ngemikhiqizo erejistiwe nengarejstwanga.

Ubhali

- Uhlelo lokwandisa ubhali;
- Isu lokulawula izifo kubhali wotshwala;
- Ukuphuculwa kwezindlela zokukhiqiza ubhali wotshwala walapha eNingizimu Afrika ngenhloso yokwethula amacultivar amasha; kanye
- Nohlolo lokuqala oluzokwenziwa ukuthola ukuthi yini ebangela ukuphela kwamandla okukhula kubhali uma usuvuniwe futhi wagcinwa.

I-oats

- Uhlelo lokuphuculwa kwe-oats.

Ezinye Izindlela zokusetshenziswa kwezimali

Ibhodi labagcinimafa libuye lenza kwaba khona izimali nenhloso yokuba kuqoqwe umbiko ngekhwalthi yesilimo sikolweni walapha ekhaya. Lo mbiko uzokwenziwa yi-SA Grain Laboratory, yona ezophinde yenze isaveyi ngokolweni ophuma emazweni angaphandle.

Ukwesekwa kwalamasaveyi kuncike ezindlekweni ezibe khona.

Izimali ziye zabekelwa isensory assessment ehlongoziwe yomthelela wamaleveli amasha ahlongoziwe okuvikeleka kwemikhiqizo kakolweni.

Kukhona nezimali zokubonelela izinhlangano ezibandakanyekayo embonini yezi-nhlamvu zasebusika.

Imali yokufunda yabelwa abafundi abafuna ukuqhuba izifundo eziphathelele nemboni yezinhlamvu zasebusika. Eminye yemigomo yemali yokufunda ukuthi lowo ofuna ukufunda kumele avume ukusebenza embonini yezi-nhlamvu zasebusika iminyaka elingana leyo imali yokufunda ekhokhwe yona. Uma kungenzeki loko, kumele lowo obonelelwe ngemali leyo ayikhokhe.

Ushintsho

UNgqongqoshe weZolimo, eZamahlathi kanyene-Zezinhlazi wazise imali yentela njengesemthweni, okuzothi u-20% wayo usetshenziselwe ukuphucula amafama amnyama asafufusa. Ibhodi labagcinimafa lizibophezele ukuthi lizosilandela lesinqumo bese kuthi unyaka nonyaka bebeka u-20% wenzuzo yentela (yalowo nyaka wezimali) ukuze kube khona ushintsho.

Izinhlelo zoshintsho ezilawulwa yi-ARC: i-Small Grain Institute, i-Grain SA, i-SAB Barley Farm kanye ne-GWK Ltd yizona ebezekwa eminyakeni edlule.

Izimali ezibekelwe izinhlelo zokuthuthukiswa kwamafama emabhizinisini ezolimo zikhishwa yi-Grain Farmer Development Association (GFADA). Kunemigomo elandelwayo uma kukhethwa amafama azoba yingxeny yezinhlelo esezibaluliwe ngenhla. Inhloso yalezi zinhlelo ukusiza amafama abonakala angaba yingxeny yalabo abangenisa inzuzo. Amafama akuluhllelo athola ukwesekwa ngokulungiswa kwemihlaba kanye nokunikwa izimali zomshwalensi. Ibhizinisi lezolimo eliphethe lezi zinhlelo lithola izimali zokuqeqesha. Abanye abanikela ngezimali bakhona kulezi zinhlelo.

Abantu abanentshisakalelo bangathola iminingwane ngamaphrojekhi abonelelwa ngezimali yiWinter Cereal Trust kuwebsaythi yeTrust: www.wintercerealtrust.co.za.

I-athikhili ibhalwe ngu-Ishmael Tshiame, UMphathi: Winter Cereal Trust. Uma ufuna iminingwane egcwele thumela i-imeyli ku-ishmael.tshiame@wctrust.co.za.



Amafama kakolweni aseningizimu *ahlanganise amakhanda*

“**N**gicabanga ukuthi amafama aseNingizimu neKapa azoba nemizwa engafani ngonyaka ka-2014.” Inxenye yesifunda ibe nemvula engatheni ekuqaleni kwesizini, kepha ibincane kunaleyo ebidingeka ngesizini yemvula. Imvula ilandelwe amakhaza ashubisa umkantsha kanye nezimo ezimanzi zona ezingazange zifinyelele empumalanga.

Kepha imvula esibe nayo ivumile ukuba izitshalo zikhule kahle, lokhu kubonakale isizini isaqala. Noma kunjalo imvula ayinanga empumalanga. Imvula ene ngehlobo, ikakhulukazi ngenyanga kaJanuwari, ikwazile ukumilisa izilimo. Kuze kube manje imvula eningi esibe nayo kusukela ngonyaka ka-1994 ine ngenyanga kaJuni ngo-1994. Entshonalanga khona imvula eningi yona ine ngoJanuwari nangoJuni ka-2014. Ezinye izinyanga zona zingaphansi kakhulu ngesilinganiselo semvula esitholiwe.

Uma kuza kukolweni, isivuno kanye nekhwalithi ziye zahluka kulandela izizinda kanye nezindawo. Isimo sezulu esishisayo kanye nomswakama okhona ngesiteji sokugcwala kwendlebe yikona okuholele kulo mehluko. Uma kuhlaziywa kubhekwa isivuno esikhathini eside kanye namanani

eSafex, wonke umuntu uyazi ukuthi imboni kakolweni izimelele esicongweni sommese. Amahektha anciphayo ezindaweni ezingaphakathi lapho kungatshatshiswa khona ezinye izilimo zasehlobo ziwubufakazi balokhu. Lesi simo siholele emhlanganweni wabadlali bendima mhla ka-11 Novemba 2014, owawonganelwe yi-*Winter Grain Technical Committee ye-Winter Cereal Trust*. Umcimbi lona ubusingathwe ngabantu abeqile ku-80 abavela ezimbonini zikakolweni.

Abagayi, ababhakayo, abemboni yamasilo, ama-ajenti, ikhansela labathengi, iSafex, uhulumeni kanye nabakhiqizi nabo bebhakho. Umhlangano ubuphethwe ngu-Rod Blondin waseSafex. Umqondo weqembu ubuthokozisa kanti wonke umuntu uvumelene ukuthi imboni kuzomele ishintshe ukuze ingacwili.

Lo mhlango ulandelwe umhlangano weqembu elisebenzayo ngo-25 Novemba 2014 lapho kuxoxisanwe khona ngezinguquko ebezihlangoziwe ngaphambilini. Umsebenzi omkhulu wona uqale ngo-15 Januwari 2015. Kuye kwadluliswa amaphrophozali abantu kuqala bese kwaba namaqembu amathathu lapho kuxoxwe khona ngoshintsho okusamele lwenziwe. Amaqembu lanka amathathu axoxe ngephrophozali eyodwa iqembu ngalinye, abheka indawo okumele kugxi-

lwe kuyona nebalulekile okuyiyona abagxile kuyona. Iqembu lokuqala lixoxisane ngokukhululwa kwamacultivars amasha, indlela yokukhululwa kanye nesikhathi ngaphambi kokuba akhululwe (okwamanje iminyaka emithathu yedatha yethrayali). Iqembu lesibili lona lixoxisane ngokulondwa kwezinhlamvu kanti iqembu lesithathu lona lixoxisane ngegrading sliding scale, iSafex (izinga eliphansi lokuhweba kanye nesliding scale) kanye nokuhweba ngemali.

Silindele impucuko futhi sethamba ukuthi lolu shintsho luzoholela empucukweni masinya nje. Ngeshwa-ke olunye ushintsho obeluhlongoziwe (amacultivar akhiqiza kakhulu kepha ayikhwalithi ephansi) azothatha isikhathi ukwenza umehluko.

Imboni yezinhlamvu ibhekene nezinselole eniningana ngokuzayo. Kepha hlala uqinisekile ukuthi ummeli wakho kanye nabasebenzi bakwaGrain SA bazokwenza konke okusemandleni ukwenza ushintsho futhi baqinisekise ukuthi abakhiqizi bayahlomula. 🌱

I-athikhili ibhalwe ngu-Richard Krige, iLunga labaPhathi abakhulu beGrain SA kanye noSihlalo weSifunda 27. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-boontjieskraal@com2000.co.za.



Insimu kakolweni ngaphandle nje kweCaledon.

AbakwaGrain SA ba-inthavyuwa...

uSolomon Masango

USolomon Masango ungumfama waseGalina futhi uyilunga leQembu lokuFunda elisanda kusungulwa lakhona eGalina. Ulima emhlabeni ohlanganyelwe womphakathi lapho eqasha khona izindawo ezilimekayo kwabaseqenjini. Njengembuyiselo ulima utshani obudliwa yimfuyo anikele ngabo eqenjini abuye anikele ngezinsalela zezilimo njengokudla kwemfuyo ebusika. Ngokuzimisela nokusebenza ngokuzikhandla nokuzimisela ukufunda, usengumfama ofufusayo ovelele. Futhi usemelene nezinqinamba eziningi zokuba ngumfama emhlabeni oqashiwe kepha wanqoba.

“*Ulwazi lwami ngezolimo kanye nokushisekela kwami ukufunda yisona sisekelo sebhizinisi lami.*”

Ngabe ulima kuphi, futhi mangaki amahektha owalimayo?

Ngilima emhlabeni ongamahektha angama-420 endaweni yaseGalina. Lapho ngitshala amahektha ayi-130 ommbila, amahektha angama-280 esoya namahektha ayi-10 kabhontshisi onoshukela. Nginomhlambi wezinkomo zenyama eziyi-129 engiziqashela umhlaba wamadlelo.

Ngabe yini ekuqguquzelayo/ ekunika ugqozi?

Ngikholelwa ekutheni ukulima yimpilo kanye nobizo lwami, akukho okunye engifuna ukukwenza. Ngifunda okusha nsuku zonke. Ngithanda futhi nokucwaninga ngamasu amasha, njengokubheka imigqa ebanzi kasoya kanye nommbila.

Chaza amandla akho

Ulwazi lwami ngezolimo kanye nokushisekela kwami ukufunda yisona sisekelo sebhizinisi lami. Inkambiso esemthethweni yebhizinisi yangisiza kakhulu ukuba ngithole irekhodi elihle lekredithi kona okwangipha ithuba lokuthola imali yokubolekwa imali ngabakwa-Afgri ukuze ngithenge ama-*inputs*. Ipulazi linemihlabathi emihle futhi lisendaweni enemvula eningi. Kunomhlaba omningi ongasetshenziswa ngamanye amafama kona okungivumela ukuba ngandise uhlelo lwami lokulima.

Yini ubuthakathaka bakho?

Ukuqashiswa komhlaba kudala ukungabi ngasiqiniseko ngokusimama kwekusasa lakho njengomfama kuleyo ndawo. Uma ungenawo umhlaba wakho uba nokungabaza ngokulungisa umhlaba ongenasiqiniseko sokuthi uzosetshenziswa ngubani ngakusasa.

Besingakanani isivuno sesilimo sakho ngenkathi uqala ukulima?

Ngikhiqize isilinganiso samathani ama-3,5 ommbila ihektha ngalinye ngonyaka wokuqala wokukhiqiza, manje ngesizini enhle sengikhiqiza isilinganiso esingamathani ayi-6 ihektha ngalinye. Isoya yona ikhiqiza ngaphezu kwamathani ama-2 ihektha ngayinye.

Ucabanga ukuthi ngabe yini eyaba nomthelela omkhulu enqubekeleni-phambili nesasasa lakho?

Banengi abalingani enginabo. Ngiqueqeshwa ngabakwa-Afgri kanye neqembu elisha lakwa-Grain SA. Sengikwazi ukulima ngisebenzisa ubuchwepheshe besayensi, ngisebenzisa izinhlelo zokuchelela umanyolo ezilandela ukuhlaziywa komhlabathi



Iphupho likaSolomon Masango ukuba ngumfama ongenisa inzuzo eminyakeni emihlanu ezayo.

kanye nohlelo lwe*liming*. Ngisebenzisa izeluleko engiziphiwa ngabakwaLowveld Agro Chem nabakwaGrain SA ukulawula ukhula. Ukujikeleziswa kwezilimo kudlala indima enkulu ohlelweni lwami lokulima, kanti manje sengishintshela ohlelweni lokulima olingathili (*no till*). Ukwenza loku ngithenge i-8-row *no-till planter* kanye nesprayer sezilimo.

Ngabe uzibona ukuphi eminyakeni emihlanu ezayo?

Eminyakeni emihlanu ezayo ngizibona ngingumfama ongenisa inzuzo. Sengiseduze ukufinyelela lapho. Nginobudlelwane obuhle nomakhelwane abazimisele ukungisiza ngifinyelele lapho.

Ungathini kumafama amancane asafufusa?

Uma usebenza ngezilimo umhlabathi ubaluleke kakhulu. Qala ngokubheka ukuvikeleka komhlabathi wakho kanye nokuvunda kwawo, loku okunye kuzobe sekulandela. Qinisekisa ukuhamba indlela eqondile nesemthethweni uma kuza kwezibhizinisi lakho, ungathathi izindlela ezinqamulelayo.

I-athikhili ibhalwe ngu-Naas Gouws, uMqondisi woHlelo lwakwaGrain SA lwezokuThuthukiswa kwaMafama. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-naas@grainsa.co.za.

Qokelela utshani obomisiwe basikwa – *ngisho noma ilanga lingakhanyi*

Ukuba ngumnipulazi/umphathi wepulazi kungumsebenzi onezinsalelo eziningi kakhulu. Amafama abhekene nezindleko ezikhuphukayo zamanani ama-*inputs*, amanani ehlayo empahla ekhiqiziwe (unyaka omunye inani liphezulu bese liba phansi onyakeni ozayo), ukungabi nasiqiniseko ngesimo sezulu, izinhlekelele zendalo kanye nokungabi nakuvikeleka.

Okunye futhi amafama aseNingizimu Afrika, noma ngabe angenisa inzuzo noma alimela ekhaya abhekene nohulumeni ongazikhathalele nhlobo ezolimo. Lokhu sikubona ngokungatholi imali yokuqhuba ibhizinisi lokulima, izibonelelo ngezizimali ziyinqaba, ngesinye isikhathi asitholi imigcabo ebalulekile, izindlela kanye nemizila yesitimela engekho seqophelweni elifanele, ugesi ontengantengayo, namanzi ahlanzekile ayivela-kancane ezindaweni eziningi. Ngazuthi akwanele loko, lapha eNingizimu Afrika sinemithetho eminingi ekumele ilandelwe ngamafama. Kube-ke uma uhulumeni eza nohlelo lokusiza amafama, kuba ngamazwi nje akunamnyakazo olandelayo otheni. Uhlelo olwasekwa nguMongameli weZwe uMnu Jacob Zuma ngo-Okthoba ka-2013 iFetsa Tlala obeluhlose ukusiza amafama amancane aluyanga ndawo ngenxa yokungabi nazimali kanye nama-khono adingekayo. Okokugcina, izinhlelo zikahulumeni ezezeziwe ziyafana nezingekho. Amafama asezifundele ukuthi uma kunezinhlekelele zendalo usizo oluvela kuhulumeni luncane noma alukho nhlobo noma-ke lufika emvakwendaba.

“ *lapha eNingizimu Afrika sinemithetho eminingi ekumele ilandelwe ngamafama.* ”

Yazi-ke ukuthi lesi simo ngeke sashintsha nhlobo kulo nyaka kusahola wona lombuso esingaphansi kwawo. Amafama aseNingizimu Afrika azoqhubekeka njalo ukubhekana nobunzima nokungabi nasiqiniseko ngaphansi kohulumeni wanamuhla. Sikhuluma nje uhulumeni usebheka umthetho omusha obhekene nokubuyiselwa kwemihlaba futhi ubheka ukuthi abasebenzi basemapulazini kumele bakhokhelwe imali elinganisiwe.

Kepha noma kunjalo lesi simo esibi sizokuphokelela ukuba uguqulele okubi kube NGOKUHLE OKUKUSEBENZELAYO uma ufuna ukuphumelela njengomfama. Kuzomele ubhekane nako konke



Ithimba labahleli

GRAIN SA: BLOEMFONTEIN

Suite 3, Private Bag X11, Brandhof, 9324
7 Collins Street, Arboretum
Bloemfontein
▶ 08600 47246 ◀
▶ Fax: 051 430 7574 ◀ www.grainsa.co.za

UMHLELI OMKHULU

Jane McPherson

▶ 082 854 7171 ◀ jane@grainsa.co.za

UMHLELI UKWABA

Liana Stroebel

▶ 084 264 1422 ◀ liana@grainsa.co.za

IMIDWEBO, ISAKHIWO KANYE NOKUSHICILELA

Infoworks

▶ 018 468 2716 ◀ www.infoworks.biz



IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

IsiZulu,

IsiBhunu, isiNgesi, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

Uhlelo lweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

ABAQONDISI BENTUTHUKO

Danie van den Berg

Free State (Bloemfontein)
▶ 071 675 5497 ◀ danie@grainsa.co.za

Johan Kriel

Free State (Ladybrand)
▶ 079 497 4294 ◀ johank@grainsa.co.za
▶ Office: 051 924 1099 ◀ Dimakatso Nyambose

Jerry Mthombothi

Mpumalanga (Nelspruit)
▶ 084 604 0549 ◀ jerry@grainsa.co.za
▶ Office: 013 755 4575 ◀ Nonhlanhla Sithole

Naas Gouws

Mpumalanga (Belfast)
▶ 072 736 7219 ◀ naas@grainsa.co.za

Jurie Mentz

KwaZulu-Natal (Vryheid)
▶ 082 354 5749 ◀ jurie@grainsa.co.za
▶ Office: 034 980 1455 ◀ Sydwell Nkosi

Ian Househam

Eastern Cape (Kokstad)
▶ 078 791 1004 ◀ ian@grainsa.co.za
▶ Office: 039 727 5749 ◀ Luthando Diko

Lawrence Luthango

Eastern Cape (Mthatha)
▶ 076 674 0915 ◀ lawrence@grainsa.co.za
▶ Office: 047 531 0619 ◀ Cwayita Mpotyi

Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)
▶ 084 264 1422 ◀ liana@grainsa.co.za
▶ Office: 012 816 8057 ◀ Melercia Kotze

Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)
▶ 082 877 6749 ◀ dutoit@grainsa.co.za
▶ Office: 012 816 8038 ◀ Lebo Mogatlanyane

Vusi Ngesi

Eastern Cape (Maclear)
▶ 079 034 4843 ◀ vusi@grainsa.co.za
▶ Office: 012 816 8070 ◀ Sally Constable

Articles written by independent writers are
the views of the writer and not of Grain SA.

Qokelela utshani obomisiwe basikwa – ngisho noma ilanga lingakhanyi

loku uphinde ube ngumfama ovelele. Ungakhetha ukuhlala ngaphansi kwesihlahla ukhale ezimathonsi noma ungaphakama wenze utho ngalesi simo. KUKUWE UKUZIKHETHELA. Akekho ozokwenzela. Kukuwe ukuba ulawule konke loku ukuze uqinisekise ukuthi uma izikhathi ezinzima zifika wena utholakale usamile.

Uma ukhulumama namafama avelele alapha eNingizimu Afrika uyabona ukuthi abanaso isikhathi sokuhlala bakhale ngesimo abangeke bakwazi ukusishintsha. Baceba amasu, baqinisa amabhande, baphile futhi basebenze benethemba ezinhliziyweni zabo. Khumbula isisho sesiBhunu esithi, “n Boer maak 'n plan.”

UMBUZO UKUTHI: “YINI ENGINGAYENZA?” Kumele ubeke ubuholi bakho ezingeni eliphezulu lapho ubuholi bakho busho ukuhlela, ukwenza nokulawula.

Hlela ibhizinisi lakho kahle bese ufaka zonke izinhlelo zakho ebhujethini. Uma usuqedile lungisa bese wenza ngokulandela uhlelo kanye nebujethi yakho. Uma kuza ekwenzeni, qinisekisa ukuthi “wenzela okunqala ngokufanele” bese ulandela ibhujethi yakho uma kuza ezindlekweni. Kumele ube ngumpetha womfama wommbila kanye/noma ukolweni kanye/noma umkhiziqi wesoya noma umfama wemfuyo.

Ukuze ukwazi ukulawula (ukuqhathanisa okwenziwe nalokho obekuhleliwe) udinga amarekhodi – amahlektha amangaki atshaliwe, isibalo sezitshalo singakanani, kusetshenziswe umanyolo ongakanani, imbewu, njll. Ngakho-ke, phucula indlela ogcina ngayo amarekhodi.

Kuko konke loku kumele ube ngusombhizinisi ohlakaniphile – “Yini engingakwenza ngcono manje, ngingasebenza njani kangcono,

“

Hlela ibhizinisi lakho kahle bese ufaka zonke izinhlelo zakho ebhujethini. Uma usuqedile lungisa bese wenza ngokulandela uhlelo kanye nebujethi yakho.

noma anginawo yini umkhiziqo engingawudayisa ube wuwona wodwa futhi odingekayo?” Yenza icebo. Funda umbhalo wakamuva nje wabacwaningi bamabhuku bakaMoore Stephens lapho bebhale khona “ngezono eziyisikhombisa ezibulalayo” eziholela ekungaphumelelini kwambhizinisi. Ungakwazi ukuthatha abakushoyo ukubhekise kwezolimo. Ezinye zalezi zono yilezi: ukungabi neplani lebhizinisi, ukusebenzisa imali ngokweqile, ukungakwazi ukuhambisa ibhizinisi, ukungangeni inzuzo kanye nokungabi nabuholi. Zonke lezi zinto sikhulume ngazo kuma-athikhili ethu ezinyangeni ezimbalwa ezedlule ngaphansi kobuholi nokuphatha.

Noma ngabe kunezinto eziningi ezimbi ngokuba umfama manje, kepha ikusasa lokulima lona lingeliqhakazile. Umhlaba wonke jikelele abantu bayanda – abantu badinga ukudla. Ngabe uyafuna ukuba yingxeny yaleli kusasa eliqhakazile? Yekela ukukhala ngohulumeni, yenza okuthize, zisize ngokwakho. 🍌

I-athikhili ibhalwe ngu-Marius Greyling, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-mariusg@mcgacc.co.za